Inzalweni ka Shosholo. Kuthena ukuba afe uSholosholo kwase kusala yena uMendlalelwa. Umendlalelwa noma amanye amasiko awagcina amanye akange esawagcina ngoba wasuke waba ikholwa yena wathanda futhi uuthi abantu bakhe babe amakholwa. Into eyigcina osikweni oludala ilena musukwana kufa uyise walibuyisa idlozi. Ukubuyisa idlozi iloku kuthi uma kufe umnumzane noma inkosi inhlobo yomuzi kuye kuhlatshwe inkomo yokubuyisa amadlozi. Kuye kufunwe inyanga ezosiza ngama kubalo uma sekwenziwa umusebenzi kuye kuhlalwe ngoba kufiwe kuzilwe yonke imisebenzi kuthi amakhosikazi ahlale angaphaci ekhanda.

6. Kuthi futhi bangasi faki isibuda ekhanda kuyothi musukwana inyanga isilungise umuzi bese bephuca amakhanda b se beli faka nebomvu ekhanda kuzothike bese kuhlatshwa inkomo kuthethwe amadlozi. Kwenziwe notshwala obuningi babantu nawo futhi amadlozi. Umasekwenziwe loku kwethembeke ukuthi lomuntu ofile usezobasiza manjena ezinsizini zabo futhi bakhuleke kuyena. Bamudumise njengo nkulunkulu wabo, kuthi noma kufika nyoka kuthiwe uyena nayenga bulawa leyonyoka. Kodwa kushiwo ezinyokeni lezi ezi luhlazana ezincane ukuthi ezamadlozi

7. uma ibomvana lenyoka ayishaywa. Futhi ayibalumi abantu kunjenge Nsele. Ayibalumi abakwa Vilakazi ngoba inyamazane yabo abanukiswa ngayo. Ingwe ayiba bambi abakwe Ngwenywa kuyekuthi uma kuzobongwa indlozi kuthi lona ofile umasekuzo gwazwa inkomo kusuke uyise noma umfowabo ame ngentuba engendla kwesango amemeze emubongele lona ofile ngezibongo zakhe. Uma ememeza uthi izwake sesi yakubuyisa namhla, sesithi hlangana nabanye okade ungahlangene nabo, usezosho izibongo zakhe. Usezothi kuhle ubuye ubeke umuzi wakwemu nawe. Kukhulunywa njena amadodana ami ngenzansi nesango afulathele isango

8. izinkomo zengenhla kwawo amadoda. Kuthi lena ezogwazwa yehlukwa nise nezinye izinkomo kuzakuthi l na obonge layo ame phakathi kwezi nkomo nabantu abekise ubuso bakhe ezinkomeni uzothi uma esegcina ukubongela nansi inkomo engikubuyisa ngayo ayisho umbala wayo. Amadlozi amenyezwa ntambama kuzothi uma isihlatshiwe inkomo bese ithuthelwa endlini yomuntu omdala noma isalukazi noma ikhehla ibekwa endaweni yamadoda ibekwe phezu kwesikhumbasayo. Kubekwe notshwala ngokhamba lugcwale kuzakuthi abantu abancane abavunyelwe ukwendlula ngokuleyo ndlu. Sekuzothi bonke bavumele kahle kuthi ngakusasa inyamba isiphekwa esibayeni ngezimbiza nama bodwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Abesifazane ayithinte yosiwa amadoda nokuphekwa amadodana odwa bayaselwa abesifazane. Notshwala bayangeniselwa abesifazane. Lenkomo idliwa umukhaya kuphela izihlambi kaziyidli lenyama. Ama thambo alenyama ayathatwa ayo bekwa kuleyo ndlu lapho inyama ibikhona. Kuyothi uma isidliwe yaphela bese aithathwa amathambo asayoshiswa ashiselwa esibayeni aze abe umulotha. Kuzothi uma ulotha usevuthile bese usakazwa nesibayasonke ukuze abathakathi banga kwazi ukuloya amadlozi. Nomuswane waleyonkomo uyaqoqwa ukuze aba thakathi bangathakathi ngawo amadlozi okwenza amadlozi abaleke
10 ukuphatha umuthi umubi ekhaya ukuwabuyisa uma eseke abaleka kubulawa imbuzi emhlophe kuthi umnumzane alende inyanga ukuba izokwe lapha wona amadlozi ukuba abuye amadlozi. Leyombuzi futhi iyela shiwa idliwe umndeni wodwa. Kuzathi uma imbuzi isidliwe bese kubulawa inkomo kuthethwe ngayo. Kuzathi emvakwaloku konke loku sekuzothi kuthiwa amanzi manjena. Inyenga isizowa lungisa lamanzi iwa fake umuthi bese kuhlanzwa ngawo lomuthi. Kutlhanzwa ngobudala kuze kugcine ngomncane. Uma uphehlwa lomuthi kubizwa wona amadlozi ukuba ababeke ngoba kade abafulathele nebala amadlozi abuye. Kuthena
11 noma uMendlalelwa bemutshena ukuthi amadlozi asabalekile akakholwanga kwase kwenza ukuthi bonke abantu bakwa Kumalo basakazeke njena namadodana ka Mendlalelwa ayozula. Kw thi nenduna yenkosi uSwayimane ethi uyamubonisa uMendlalelwa akavuma kuthena noma esethuma uShishili uSwayimana athi kuhle amubulale uMendlalela yikhona ubukhosi buzothathwa umfowabo wakuzwa lok uMendlalela uthena uma esefuna ukubulala uSwayimane kwafumaniseka ukuthi akosekho sewu balekile kanye naye uShishile kanye naye uShishile walandela uMzilikazi
12. ka Mashobane. uSwayimane uthena uma ebaleka wahamba nabantu abaningi futhi kwabaka Mendlalelwa. Kthena uma uSwayimane abone ukuthi ukuhamba kwakhe kuse ngozi wase uyakha lapha ngaphezulu ema Bunwini iCharlstown. Ktnena ngempi yama Bunu namangisi abaningi futhi abahamba naye uSwayimane babuya baphi da emuva kuyena uMendlalela. Kwase kulapha esegula naye. Omunye phakathi kwalaba ababuya e <u>Charlestown uvelemu Kumalo</u>. Kuthena ngempi yabo abamhlophe ngokwe hlulwa kwama Bunu base nabo bebaleka. uVelemu yena kwathi umnumzane
13 uVesela aye hambanaye waze wafela la lapha engongo wasala uVelemu akaza qonda-lapho azakuli.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

